

UBusisiwe noBandile bajabule kakhulu.

Izikole zivaliwe ngenxa kathaqa wezwe!

Balangazelele isikhathi abazosichitha besekhaya.



Emva kwamasonto ayisihlanu kathaqa wezwe, osisi laba abasajabule.

“Ngenza konke okusemandleni ami ukufunda nge-inthanethi. Kuyinselelo enkulu!” kusho uBandi ngokukhathazeka.




UBusi uyavuma, “Ngikhumbule ukuya esikoleni.”

“Manje isikole sekungamaqembu okuxoxa ku*WhatsApp,* izinhlelo zemfundo, nemfundo kumabonakude,” kusho uBandi.




Uyaqhubeka, “Manje isikole sifuna ukuzimisela nokuzinikela okukhulu.”

UBusi uthi, “Kunjalo nje kufanele sihlale sine datha futhi sixhumeke ku-inthanethi.”



“Imindeni eminingi ayikwazi ukuthenga idatha. Kuyasinda ephaketheni,” kusho uBandi.

UBusi ucabanga ngabangani bakhe, uBuhle noLuka.



UBusi uthi, “Ezinye izingane zidinga uhlelo lokudla kwasesikoleni.”

Ukhathazekile, “Ingabe abazali bazo bazokwazi yini ukuthenga ukudla okwanele?”



UBandi uthi, “Sinenhlanhla. Uthaqa wezwe awuzange ube nomthelela omubi ezimalini lapha ekhaya.”

“Ngibakhumbula ngempela abangani bami,” kusho uBusi ephefumulela phezulu.



Uyaqhubeka, “Ngiyakwazi ukukhuluma nabo ocingweni kodwa akufani. Ngithanda ukudlala nabo.”



UBandi uyabala, “Ngikhumbula umoya nje wasesikoleni, othisha, ukufunda izinto ezintsha, nokuba phakathi kwabangani.”

UMama ungena egumbini labo.



“Mantombazane, ngiqeda ukuzwa emsakazweni kuthiwa izikole zizovulwa ngesonto elizayo,” kumamatheka uMama.

UBusisiwe noBandile bajabula kakhulu!

## ——Imibuzo

1. Chaza ukuthi kusho ukuthini: ‘ukusinda ephaketheni’, ‘ukufunda ku-inthanethi’, ‘uhlelo lokudla kwasesikoleni’.
2. Ingabe osisi bebewuthokozela yini uthaqa wezwe? Chaza impendulo yakho.

Le ncwadi yezindaba ixoxa ngemibiko yomsakazo i-RX Radio. I-RX Radio ngumsakazo wezingane we-inthanethi futhi osakaza izindaba ezithinta zona.

Isakazela esiteshini esisesibhedlela saseKapa i-Red Cross War Memorial Children's Hospital.

I-RX Radio isiza izingane ukuba zikwazi ukuxoxa izindaba ngezinto ezibalulekile kuzona.

Vakashela i-RX Radio

